Hillcrest High School

IBANGA LESI-9

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2019

AMAMAKI: 35

ISIKHATHI: Amahora ama-2

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:
   ISIQEPHU A: UMDLALO (Phendula YONKE imibuzo lapha)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo) Phendula umbuzo OWODWA
   ISIQEPHU C: (Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo) Phendula umbuzo OWODWA
2. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
3. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
4. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
   ISIQEPHU A Amaminithi angama-50
   ISIQEPHU B Amaminithi angama-40
   ISIQEPHU C Amaminithi angama-30
5. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
6. Nikeza impendulo ngasiye isihloko esifanele.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: UMDLALO

## IZINDABA EZIMFUSHANE

## IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU N.G. MNGADI

1. Funda iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Izinhliziyo ezibuhlungu**

'Uyabona Senzo mfoweth," kuthatha uDumisani, "kumele nawe uzifunele intombi kulezi ezibhala ephephandabeni zithi zibulawa yisizungu, zifuna izinsizwa. Mhlawumbe nale nkinga yakho yokungavakashelwa muntu ejele ingathuka isilunga. Bheka nje futhi ngisho abantu bakini abakwazi nokuthi washonaphi. Ungamthola umuntu ozokuvakashela. Ubona kanjani?"
"Awu suka lapha wena Dumisani. Nalabo abazitholayo belapha ejele kusuke kuthuke ucilo ezishaya endukwini nje. Bangaki asebebhale babhala, lutho ukuphendulwa?"
"Uzifanisa nabo yini wena?"
"Cha angizifanisi nabo, ngifana nabo. Siyiziboshwa nje sonke."

1.1 Obani amagama alaba abakhuluma kulesi siqephu? (2)
1.2 Bakuphi njengoba bekhuluma nje? (1)
1.3 UDumisani ufuna enzeni uSenzo? (2)
1.4 Iyiphi inkinga ebhekene noSenzo lapha? (2)
1.5 Ngubani igama langempela likaSenzo? (1)
1.6 Kwenzekani le eyadala ukuba uSenzo alahlekelwe umndeni wakhe? (2)
1.7 Ubani igama nesibongo sale ntokazi eyagcina ifikile izombona ejele uSenzo? (2)
1.8 Wayezohlala iminyaka emingaki uSenzo noDumisani ejele? (2)
1.9 Bhala igama lejele ayeboshwe kulo uSenzo? (1)
1.10 Base behlale iminyaka emingaki ejele oDumisani noSenzo? (1)
1.11 Yini uDumisani ayiboleka uSenzo ngesikhathi eyohlangana nentombi okokuqala. Bhala OKUBILI. (2)

**[17]**

**KANYE**

**Indandatho**

| |
|---|
| Unezingane ezintathu azithanda ngendlela emangalisayo. Eyokuqala intombazane eneminyaka elishumi nanhlanu bese kuthi ezimbili zibe amawele aneminyaka elishumi nambili, umfana nentombazane. Wasihlanganisa nezingane zakhe sinenyanga nje sithandana, savele satholana nazo ngemimoya zisuka nje. Zavele zangithanda okukanina ozizalayo, zigcwele uthando ngendlela emangalisayo. Zangithengela yonke inhlobo yezipho ongase uzicabange. Cishe zazichitha zonke izimpelasonto emzini wami bese kuba umzukuzuku uma kufanele ziphindele ekhaya. Ukuzwana kwami namadodakazi akhe, ikakhulukazi uMapule, indodakazi endala kwangimangalisa. Abubanga khona ubuha obuvamise ukuba komamncane namadodakazi amadoda avele akhwelezele onina ngisho kuthiwa sebashona. |

1.12 Ubani igama nesibongo salo onezingane ezintathu okukhulunywa ngaye? (2)

1.13 Wawukuphi umuzi kaNjabulo? (1)

1.14 Ubani umlingiswa omkhulu kule ndaba ethi, Indandatho? Sekela impendulo yakho. (3)

1.15 Ayeneminyaka emingaki amawele kaNjabulo? (1)

1.16 Tomula umusho okhombisa ukuthi izingane zazithanda ukuhlala noLondiwe? (2)

1.17 Ubani igama likamngane kaLondiwe? (1)

1.18 Yashona isineminyaka emingaki ingane kaLondiwe? (2)

1.19 Wayesebenza musebenzi muni uLondiwe? (1)

1.20 Ubani igama lendodakazi kaKhuzwayo? (1)

1.21 Yayineminyaka emingaki indodakazi kaNjabulo? (1)

1.22 Wayeneminyaka emingaki uLondiwe? (1)

1.23 Ukube wena wawunguLondiwe wawuyovuma ukushada noNjabulo? (2)

[18]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**AMAMAKI ESEWONKE: 35**